

**UMNYANGO WEMFUNDU WASEGAUTENG**  
**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWEBELE  
 IZINGA ELIPHANSI  
 (Iphepha Lesibili)**

**POSSIBLE ANSWERS OCT / NOV 2006**

---



---

**ISIGABA A  
 IZINKONDLO**

**UMBUZO 1**

***Imvubelo – M.A. Maphumulo***

- |       |  |              |
|-------|--|--------------|
| 1.1   |  |              |
| 1.1.1 | Kwelakithi.  | (1)          |
| 1.1.2 | Yingoba indawo eligugu kuyona.   | (1)          |
| 1.1.3 | IkwaZulu / kwaMalandela.   | (1)          |
| 1.1.4 | Amadlelo aluhlaza, izintaba, abakhapheyana, imfuyo (izinkomo, izimvu, izimbuzi) (Okuthathu)  | (3)          |
| 1.1.5 | Imibhonso yezinsengwakazi nemizwilili yezinyonyana zehlobo.  | (1½)         |
| 1.1.6 | <u>Ngiphumel'</u> ...<br><u>Ngikhangw'</u> ...   | (1)          |
| 1.1.7 | Lapha imbongi itusa indawo yakubo. Ithi ifikelwa imizwa eshoyo ukuthi ikwelakubo lapho izwa ukubhonsa kwezinsengwakazi. Ikhuluma nangomoya ovunguza emaqeleni. Ibuye ithi uma iphumela phandle ikhangwa izinto eziningi, ibala imfuyo nokunye. Iqhubeka ithi uma izinkomo sezibuya inhlazane zibhonsa kanye nezinyoni zitshiloza igcwala induduzo nothando. Ibuye ifikelwe induduzo nothando futhi lapho ibheka izinkalo zelakubo. | (4)<br>[12½] |

**NOMA**

- 1.2  
 1.2.1 Izifundiswa / Yilabo abazuze imfundo / abaphuze utshwala. (1)
- 1.2.2 Imvumelwano – sigcino / Imvumelwano – siqalo  
*Isibonelo:* ... amagatsha,  
... badakwa,  
**NOMA**  
... namaqiniso.  
... umbuzo,  
... beshweshweza,  
... ukudakwa. (1½)
- 1.2.3 Lapha imbongi ikhuluma ngemfundo. Igabisela labo abangaphuzanga le mvubelo yolwazi. Ithi uma sebekhuluma isilungu behleka kumnandi, kuyazwela kube lusizi kulabo abangafundanga. (3)
- 1.2.4 Ukwenza into ngamandla / ngokweqisa. (2)
- 1.2.5 Ukuxhumana – siqalo  
*Isibonelo:* Kuqhuma esiletha ...  
Kuqhuma nhlamba ...  
Kuqhuma isililo ...  
**NOMA**  
Kuqhuma uhleko ...  
Kuqhuma isililo ...  
\* Ukuxhumana - maphakathi  
*Isibonelo:* ... Kuqhume ...  
... Kuqhume ...  
(Uhlobo olulodwa nesibonelo esisodwa) (2)
- 1.2.6 Bayakhala, bayalwa, baxhapha inhlamba, bayahleka. (okuthathu kuphela) (3)  
**[12½]**

**NOMA**

- 1.3  
 1.3.1 USibusiso Nyembezi. (1)  
Inkinsela yaseMgumgundlovu. (1)
- 1.3.2 Isifaniso. (1)
- 1.3.3 Imvumelwano – siqalo. (½)
- 1.3.4 (a) Iziyu ezithwalwa izingwazi / abafundile. (1)  
(b) Abahlahli bendlela / Abantu abokuqala ukwenza izinto. (1)

- 1.3.5 Le nkondlo ikhulumo ngababhalo bezincwadi zesiZulu. Lapha imbongi ibonga imisebenzi yalaba babbali enamandla nencomekayo, ize ibabize ngezinkunzi. Imbongi ayibagagulanga ngamagama laba babbali kodwa iqhakambise imisebenzi yabo. Uma sesiyifunda le nkondlo yilapho – ke sithola ukuthi imbongi ibongela u.B.W. Vilakazi, R.R.R. Dhlomo; G.G.N.C. Buthelezi; C.L.S. Nyembezi; D.B.Z. Ntuli kanye no C.T. Msimang. Imbongi igcina ngokunxusa laba babbali ukuthi bayiphe ikhono lokubhala. (5)
- 1.3.6 Ilembe / uShaka kanye no Dinuzulu. (2)  
[12½]

### NOMA

- 1.4  
 1.4.1 Ukwenzasamuntu. (1)  
 Ulimi lwazo lubongela wena. (1)
- 1.4.2 Insizw' endala; iQhawe lamaqhawe. (2)
- 1.4.3 Ifanankamisa / ifanangwaqa. (1)
- 1.4.4 Lapha imbongi ibongela ilanga ilibiza ngoPhezukonke. Ithi uma liphuma kuba khona abajabulayo, ngisho nezithombo imbala ziyathokoza ngoba ziyanisima ngalo ilanga. Igcina ngokulibonga ilanga ize ilibize ngeQhawe lamaqhawe. (3)
- 1.4.5 Muhlekazi wemvelo. (½)
- 1.4.6 Ukwanda kwaliwa umthakathi. (1)  
 Ukubonga kakhulu / ukubonga umuntu uma ekusizile. (2)
- 1.4.7 Bethokozile / Bethakasile / Bejabulile. (impendulo eyodwa) (1)  
[12½]  
[25]

### ISIGABA B UMDLALO

### UMBUZO 2

#### ***Ngiwafunge Amabomvu – Molefe L.***

- 2.1.1 Abafundi mabaxoxe ngesiko lokwendiswa kwamawele elingenziwanga kuThulisile noThulile. Isizathu kwaba wukuthi uyise wenkosi uMgidi wenqaba ukuba lenziwe ngoba wabona amawele kuyizibutubutwana ezinhle ezazizohlobisa isizwe samaBomvu. (10)
- 2.1.2 Engxoxweni yabafundi akuvele iqiniso le nkolo yamashwa avelela isizwe ngokwephulwa kwaleli siko. Kungavezwa ukuthi ukuba isiko lenziwa ngabe ayizange ibe nenkinga inkosi uMgidi ngoThulisile owayengayifuni waze wazala ivedzandlebe esesigodlwani. (Abafundi mabanabe kula maphuzu) (15)  
[25]

**NOMA****2.2 Isiqeshana A**

- 2.2.1 uSonkanise. / indodana kaThulisile noZaba. (1)
- 2.2.2 Isiko lokunquma ucikicane. (1)
- 2.2.3 Udiyazeliswa ukuthi sekuzovela indaba yokuthi umfanyana akusiye owenkosi kodwa oka Zaba. / Isazela. (2)
- 2.2.4 Yindodana kaMsanka, nguyena okhulelise uThulisile. (2)
- 2.2.5 Inkosi uMgidi iqonde ukuthi uKhonzeni asho akwaziyo angashiyi lutho / akakhu lume lonke iquiniso ngoThulisile.. (2)
- 2.2.6 UZaba ubezobalekela ukuthi wonile ngokuqhube ka athandane noThulisile abe azi kahle ukuthi ungeniswe esigodlweli usengundlunkulu / ukuze angajeziswa ngenxa yokukhulelisa uThulisile. (2)
- 2.2.7 Utshwala osebubudala / isilaza. (1)
- 2.2.8 UKhonzeni nguyena impelesi kaThulisile olindleleke ukuba azi yonke into ngoThulisile. (2)  
[13]

**Isiqeshana B**

- 2.2.9 UThulisile noThulile. / ngamawele akwaMajola. (2)
- 2.2.10 Liqonde ukhamba oluncane lokuphuza utshwala. (2)
- 2.2.11 NguQuqudithambo. / Gugudithambo. (1)
- 2.2.12 Uthi uThulisile unamehlwana acijile, unamatata futhi unenhliziyo encane kanti uThulile yena ubheke phansi / unamahloni futhi uzithobile. (2)
- 2.2.13 Iqonde ukuba babonisane. / baxoxe. (1)
- 2.2.14 Uyinhlolli. (1)
- 2.2.15 Imxoshise ngezinkomo ezilishumi. (1)
- 2.2.16 Yebo. Umlingiswa osemqoka zithi zisuka amadaka avezwe ebhekene nenkinga. Kunjalo-ke ngo Thulisile, umdlalo uthe uqala wavezwa ebhekene nenkinga yokuganiswa kumuntu angamthandi. (2)  
[12]  
[25]

**ISIGABA C  
INOVELI**

**UMBUZO 3**

***Isigcawu senkantolo – Masondo M.M.***

**3.1 UVika Kubheka**

- Wabulala uZikode ngoba ethi uyazivikela. Wacela isidumbu emoshali ukuze asibambise isidumbu sika Zikode kanye nesitelini semoto ukuze adukise umkhondo.
- Wafunda ukugunda izinwele nokubeka isitini ngoba engafuni ukuhlupheka uma ephuma ejele. Ngalokhu ubezivikela enhluphekweni.
- Wafuna ummeli Ngubane ukuze avikele umndeni wakhe kumaqola.
- Waqamba amanga ngesigameko sasedamini ukuze avikele uZethu.

***UMagwegwe***

- Zonke izinto azenzayo zonakele, azilungile.
- Wavulela uKubheka emoshali ngesikhathi esingekho emthethweni ngoba emdizele.
- Wenza icebo lokufuna imali yemvalamlomo kuDuduzile nonina uZethu.
- Wahlupha uThokozile ngokumphoqa ukuba asayinde incwadi ethile, ukuze athole imali uMhlobo engazi.
- Wabulala uMhlobo ukuze athole imali kuZethu, wajika lapho wayokhipha imali esikhwameni sika Zethu esiwele edamini.

(Abafundi bazoxoxa babhekise kulezi zigameko nezinye futhi)

[25]

**NOMA**

**3.2**

**3.2.1 uThemba noThokozile .**

(2)

**3.2.2 Ushintshe imali ababeyifunile eyinkulungwane namakhulu amahlanu amarandi wayenza yaba izinkulungwane ezintathu. Wabuye washintsha nencwadi eyayibhalweamaqola wasebenzisa omunye umshini.**

(3)

**3.2.3 NguDuduzile Kubheka.**

(2)

- Lalinemali yemvalamlomo

(1)

**3.2.4 Ithini elalahlwanguDuduzile lathathwa nguThemba kwathi lelo likaThemba lanyamalala emanzini, okukhomba ukuthi lathathwa ngomunye walaba balisa abafune imali yemvalamlomo, okusolakala ukuthi wayengaphansi kwamanzi.**

(3)

**3.2.5 Basehhovisi likaNgubane.**

(1)

**3.2.6 Edamini iNcadu.**

(1)

[13]

## Isiqeshana B

- |        |  |            |
|--------|--|------------|
| 3.2.7  | NguJikeleza<br>– wayengunogada wasedamini.   | (1)<br>(1) |
| 3.2.8  | Cha, akamazi kodwa abamel i bakaHulumeni bamnike isithombe sika mufi ukuba asibuke asiphindlela ukuze asejwayele ngaphambi kokuba ayomkhomba emakhazeni. | (2)        |
| 3.2.9  | NguZethu / yinkosikazi kaKubheka.<br>– usoleka ecaleni lokubulala uMhlobo Mvubu.   | (1)<br>(1) |
| 3.2.10 | Abameli oMenzi noZenzele bazama ukwethula ngaso ubufakazi bokuthi umufi yile ndoda eyabonakala ihamba nonkosikazi Kubheka ngobusuku eyafa ngabo.         | (2)        |
| 3.2.11 | NguMagwegwe.   | (1)        |
| 3.2.12 | Izibuko zamehlo.   | (1)        |
| 3.2.13 | Ngummeli uNgubane.   | (1)        |
| 3.2.14 | Yibona abangabameli bakaHulumeni.  | (1)        |

IMIKLOMELO ISIYONKE: 75